
**NguMongameli**
**Dieter F. Uchtdorf**
Ikhansela Lesibili
KubuMongameli Bokuqala



# Izibusiso zeThempeli

Ngisakhumbula futhi ngenkathi abazali bami bethatha umndeni wethu ukuya eThempelini lase Swiss elisha elaliqedwa kwakhiwa, elokuqala eYurophu, ukuba umndeni waphakade. Ngangineminyaka engu16 ngalesosikhathi futhi ngingomncane kubantwana abane. Saguqa sonke eAltare ukubasi sihlanganiswe emhlabeni ngamandla obupristi, nesithembiso esihle sokuthi singahlanganiswa ingunaphakade. Angisoze ngasikhohlwa lesikhathi esibaluleke kangaka.

Njengomfana ngajabula ukuthi sanqamula amazwe nemingcele ukuze sihlanganiswe njengomdeni. Kimina kuwuphawu lokubonisa indlela ithempeli lisebenza ngakhona linqamula imngcele yomhlaba ukuze lilethe izibusiso ezingunaphakade kubo bonke abahlali kulomhlaba. Amathempeli eBandla likaJesu Krestu Labangcwele Bezinsulu Zokugcina akhiwe ngempela ukuze wonke umhlaba uzuze, noma ngabe ungumhlobo muni, usiko, noma ukholelwa kupolitiki yiphi.

Amathempeli angufakazi obuqinile ukuthi ubuhle buzohlala njalo bukhona. uMongameli uGeorge Q. Cannon (1827–1901), Ikhansela lokuqala kubuMongameli Bokuqala, wathi ngesinye isikhathi, "Isisekelo setshe noma yisiphi esibekiwe kuthempeli, futhi ithempeli nethempeli eliphelile . . . lehlisa amandla kaSathane emhlabeni futhi likhulise amandla kaNkulunkulu kanye nobuNgcwele."[1]

Ngenkathi ithempeli ngalinye likhulisa imfundiso yokulunga emhlabeni, isibusiso esikhulu, vele, siza kulabo nangempela abaya ethempelini. Lapho sathola ukukhanya okudlulele kanye nolwazi futhi nokuthi ilandelwe izosisa ukuba sihambe endleleni yabafundisi. Kafushane, ithempeli lisifundisa ngenjongo engcwele yokuphila futhi isisize ukuba sithole isimo somzimba wangaphandle nangokomoya.

Asiyi ethempelini ngokwethu kuphela, nomakunjalo. Njalo uma singena kulesakhiwo esingcwele, sidlala indima ngobungcwele, umsebenzi wokukhululwa kokusindiswa okwabe kukhona kubobonke abantwana bakaNkulunkulu ngenxa Yokuhlanjululwa kwalowo uBaba Othandiweyo Kuphela. Lona ngumsebenzi ongcwele futhi awuzifuneli futhi lowo ovumela thina esingabafayo ukuba sibeke induku ebandla emsebenzini omangazayo wokuba ngabasindisi eNtabeni yaseSiyoni.

Kulabo abangakwazi ukuya ethempelini manje ngenxa yesizathu noma yisiphi, Ngiyanikhuthaza ukuba nenze noma yini esemandleni enu ukuba nithole imvumo yokungena ethempelini. Imvumo yasethempelini nguphawu lokukholwa kwethu kanye nokuzimisela ukuba sisebenzele iNkosi. Kuwuphawu

lothando lweNkosi yethu njengoba uJesu efundisa, "Lowo onemiyalelo yami, futhi ayigcine, nguyena ongithandayo: futhi nalowo othanda mina uzothandwa nguBaba, futhi Ngizakumthanda, futhi ngizibonakalise kuye" (uJohane 14:21).

Njengoba isiganga somhlaba siqhubeka siba sihle ngalamabhilidi angcwele angcweliswe eNkosini kungumthandazo wami ukuthi sikwenza okusemandleni ukuletha izulu duzane nomhlaba ngokuba sibe ngabalungileyo ukuphatha imvume yasethempelini futhi siyisebenzise. Njengoba senza njalo, ukulunga ngempela buzo kwanda hhayi kuphela ezimpilweni zethu kanye nase makhaya kepha emphakathini wethu futhi nasemhlabeni wonke.

**AMANOTHI**

1. uGeorge Q. Cannon, e "Thempelini iLogan," *Millennial Star,* Nov. 12, 1877, 743.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Abantu abaningi bafunda kangcono uma unikeza imibono ngokusebenzisa izinsiza ezibonakalayo kunokuba ukhulume nje (bona *Ukufundisa, Akulona Ibizo Elikhulu* [1999], 182). Ngenkathi ufundisa, cabanga ngokubonisa isithombe sethempeli. Emva kokufunda isiqeshana, xoxa ngokuthi kungani ithempeli libalulekile kuMongameli uUchtdorf. Mema abantwana abancane emndenini ukuba badwebe isithombe somndeni wabo ethempelini.

*Ukufundisa, Akulona Ibizo Elikhulu* kusho, "Gqugquzela labo obafundisayo ukuba bazibekele injongo eyodwa noma eziningi ezizo basiza ukuba baphile ngomthetho lowo obafundise wona." (159). Cabanga ufunde ngomlayezo kaMongameli uUchtdorf kanye nomndeni futhi mema amalungu omndeni ukuba babhale phansi injongo yabo ezobasiza ukuba bahlale bephethe futhi basebenzise imvume yasethempelini.

## INTSHA

### Umbono ovela Ngaphezulu koMhlaba

**Ngu Mindy Raye Holmes**

Njengomuntu omusha benginamathuba amaningi okuba ngenze umbhabhadiso walabo asebashona eSan Diego eThempelini laseKhalifoniya. Noma-ke nganginolwazi oluhle, uhambo olulodwa eqinisweni yilona engilukhumbulayo engqondweni yami.

Nganginemiminyaka engu 16, futhi udade wethu wayeqeda iminyaka engu 12 futhi wayenza uhambo lwakhe lokuqala lokwenza umbhabhadiso wabafileyo. Njengoba bekuwusuku lwakhe lokuqala, sacabanga ukuba sihambe ngaphandle kwebhilidi lethempeli emva kokuba siqedile.

Umhlabathi wethempeli unezindawana ezimbalwa zokubukelwa ngasohlangothini olulodwa, ngakho-ke saya ngalapho. Ngokuba ithempeli laseSan Diego liseduzane nomgqwaqo omkhulu oluphithizelayo, uma umile ngasohlangothini lokubuka, ubona ngokweqiniso phansi emgwaqweni.

Uma umile emhlabathini wethempeli ophezudlwana ngalolosuku ngabona umbono omusha ngempilo. Ngangibheke phansi emhlabeni kanye nomsindo wezinqola, izindawo ezingcwele zokuthenga, kanye nezimpawu zomgwaqo ezibhalwe igrafithi.

Yingaleso sikhathi lapho umcabango wafika engqondweni yami: "Awufuni ukuba ube yingxenye yalokho; akuyona impilo leyo." Ngangifundiswa njalo ukuthi injongo ngempilo ukubuyela uyohlala noBaba wethu waseZulwini futhi sifane Naye. Ngangazi ukuthi angidingi izinto zomhlaba ukuze ngifeze leyo njongo.

Ngaphenduka ngabheka ubuhle bethempeli, futhi ngajabula ngolwazi lwevangeli kanye nombono onginikeza wona. Bengazi ukuthi ebumnyameni izwe elidunguzelayo futhi elingathembakali, ngithole umhlaba ophakeme kakhulu wokuma kuwo.

Ngalolosuku ethempelini ngathembisa uBaba wami waseZulwini ukuthi ngizokuma njalo Ngakuyena hhayi ngakomhlaba. Noma ngabe umhlaba uphonsela kithi, singanqoba ngokuba sigcine imiyalelo esayenza futhi sime ezindaweni ezingcwele (bona D&C 87:8).

## ABANTWANA

### Ukwenza uMhlaba ube Muhle Kakhulu

UMongameli uUchtdorf wathi uma ithempeli lakhiwa, likhulisa amandla kaNkulunkulu emhlabeni futhi enze umhlaba ube yindawo enhle

kakhulu. Faka umbala esithombeni esingezansi. Lokhu okulandelayo kungenye yezibusiso ezinhle ithempeli elinika abantu. Njengoba uphila impilo elungileyo yokuba uye ethempelini ngolunye usuku, okunye kwezibusiso kungaba eyakho!

Indawo yothando nobuhle

Ukubhabhadisela abantu abangazange babhabhadiswa ngenkathi besaphila

Umshado ongahlala ingunaphakade

Abantwana bayahlanganiswa nabazali ingunaphakade

Indawo yokufunda ngoBaba waseZulwini kanye noJesu Krestu

Impilo elungileyo, neyokulalela

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/09. Ukuhumusha, *Visiting Teaching Message, August 2010*. Zulu. 09368 783

# Yandisa Ukholo kanye Nokulunga Kwakho

*Funda lomqulu, futhi ngokufanelekile xoxa nabodade obavakashelayo. Sebenzisa imibuzo ukusiza ngokukhulisa odade bakho futhi wenze Inhlangano Yabesimame Ekhululekile ibe yimpilo yakho nengxenye ephapheme.*

**Ukholo • uMndeni • Umsebenzi**

### *Kusukela Ezincwadini Ezingcwele:*

iZaya 2:2–3; D&C 109:22–23; 110:8–10

### *Okumele Sibe Yikhona Ngukulunga ngokuDumisa iThempeli*

"Imiyalelo esiyenzile kanye nemithetho esondeleyo esiyitholayo ethempelini ibayisitifiketi esiyimvumo phambi kukaNkulunkulu. Imiyalelo lena iyasikhulisa ngaphezu kwemigomo ebekiwe yamandla ethu nokubona. Senza imiyalo ukubonisa ukuzimisela kwethu ukwakha umbuso. Siba ngabantu bemiyalo njengoba sibekwa ngaphansi komyalelo kaNkulunkulu. Zonke izibusiso ezithenjisiwe ngezethu ngokuba nokholo kulemiyalelo. . . .

"Omame beBandla bangenzani ukuze bathole izibusiso zethempeli?

"Ngabaprofethi Bakhe, iNkosi imema labo abangakatholi izibusiso zethempeli benze noma yini okudingekayo ukuze balungele ukuthola zona. Umema labo abavele bethole lezibusiso ukuba babuye njalo njalo makwenzeka ukuze bajabule futhi bathole ulwazi ukukhulisa umbono wabo nokuqonda ngeplani Lakhe elingunaphakade.

"Masibe nokulunga ukuze sibe nemvume yasethempelini yamanje. Masiye ethempelini ukuyo hlanganiswa nemindeni yethu ingunaphakade. Masibuyele ethempelini masinyane uma kwenzeka kuvuma. Masinikeze izihlobo zethu ezingasekho ithuba lokuthola imigomo yokuphakamiswa. Masijabulele amandla angcwele kanye nesambulo esisitholile njengoba siya ethempelini njalo. Masibe ngabakholwayo futhi senze futhi sigcine imigomo yasethempelini ukuze sithole izibusiso eziphelele zokuhlawulelwa."[1]

***uSilvia H. Allred, ikhansela lokuqala kwiNhlangano Yomame Ekhululekileyo kubumongameli jikelele.***

### *Kumlando Wethu*

uMongameli uGordon B. Hinckley (1910–2008) wafundisa ukuthi Inhlangano Yomame Ekhululekileyo ikhuliswe ngodade ababenesifiso sokudumisa ethempelini:

"Ngenkathi kwakhiwa ithempeli laseKirtland omame babizwa ukuba bagaye ishayina yabo ukuba ibe yizingcezu ezincane ukuba ihlanganiswe neplasta esetshenziswa emabondeni ethempeli, engakwazi ukubamba ukukhanya kwelanga kanye nonyezi futhi ikhombise lokho kukhanya kuhlobise ukubukeka kwebhilidi.

"Ngalezo zikhathi, ngenkathi imali incane kepha ukholo lwalungi, abasebenzi banika amandla abo kanye nalokho abangakusebezisa ekwakheni indlu yeNkosi. Omame babanikeza ukudla, okungcono kakhulu abakulungisa. uEdward W. Tullidge wabika ukuthi ngenkathi omame bethunga amaveyili ethempeli, uJoseph Smith, ebabhekile, wathi, 'Yebo, bodade, njalo niyatholakala. Odade njalo bangabokuqala futhi baphambili kwimisebenzi yonke emihle. uMary waba ngowokuqala ekuvukeni, futhi odade manje bangabokuqala ukusebenza ngaphakathi ethempelini.' . . .

"Futhi eNauvoo, ngenkathi ithempeli lakhiwa, omame abambalwa bahlangana ndawonye ukwenza amahembe benzela amadoda asebenzayo. Kwakungenxa yalezizimo ukuthi abangamashumi amabili kubona bahlangane ngoLwesine, 17 Mashi 1842, phezulu ekamelweni lesitolo likaMprofethi."[2] Ngakho-ke yaqala Inhlangano Yabesimame Ekhululekileyo.

**AMANOTHI**

1. uSilvia H. Allred, "Amathempeli Angcwele, Imigomo Engcwele," *iLiahona,* Nov. 2008, 113, 114.
2. uGordon B. Hinckley, "Ukuzimisela Ukwenza Okuhle," *Ensign,* Mar. 1992, 2.

### *Singenzenjani?*

**1.** Nginganikeza luphi usizo ukusiza odade wethu ukulungiselela futhi nokuya ethempelini?

**2.** Ngingaba yisibonelo kanjani sokubonisa usiko lodade abaphambili abazinikelayo izimpilo zabo ukuze bathole izibusiso zethempeli?

**3.** Ngingenza njani ukuzuza izibusiso zethempeli?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. isiNgisi esivunyelwe 6/09. Ukuhumusha okuvunyelwe: 6/09.
Ukuhumsha ko *Visiting Teaching Message, August 2010*. Zulu. 09364 783